

## ISANDULELO

UmNyango WezeMfundo (DBE) unentokozo ukunethulela incwajana yesifundo yokuhlola kwasesikoleni (SBA) ukusiza nokukhombisa othisha indlela okufanele benze ngayo amathaskhi asezingeni kanye namathuluzi okuhlola. Le ncwajana yokuhlola kwasesikoleni ibhalwe iqembu labeluleki ukusiza othisha ukuze bakwazi ukusebenzisa izindlela zokufuna nokufundisa ukuze kuphuculwe indlela abafundi abaphumelela ngayo nendlela yokuqapha iSBA esikoneni.

Inhlosongqangi yale ncwajana yeSBA ukuphucula indlela yokufundisa kanye nokuhlola (okumiselwe imigomo kanye nokungamiselwe migomo), kanye nendlela abafundi abafunda ngayo nokuqonda okufundiswayo. Ukuhlola nokufunda kuyinto eqhubekayo eyenzeka ngesikhathi kufundiswa, kufundwa nangesikhathi sekuhlolwa. Ukuze kuphuculeke imiphumela yabafundi, ukuhlolwa kuyadinga ukuxhaswa kuphinde kube nenjongo ehambisana nokufundisa okuphilayo.

Ukuhlolwa kwasesikoleni kuyingxenye ebalulekile yokufundisa nokufunda. Umbumqoka beSBA kwenza ukufundisa nokufunda kuqhubeke kahle. NgeSBA, akubhekwa nje izidingo zomfundi ukuze asizwe ngokweremidiyali, kodwa ukuhlola kwasesikoleni kusiza ekuphuculeni izinga lokufunda nokufundisa. Ulwazi olwethulwa ngokuhlola okusezingeni eliphezulu kubalulekile ekuhleleni kukathisha njengenjongo yokuphucula lokho afuna ukukuzuza ngesifundo.

Ukuhlola kwasesikoleni kufanele kwenziwe ngokukhulu ukucophelela ukuze kuthinte okuqukethwe namakhono esifundo kuhambisana namazinga obulukhuni bemibuzo. Ukuhlola okusezingeni, uthisha kufanele aqiniseke ukuthi abafundi bayaqonda okuzobuzwa futhi babe banikezwa amathuba amaningana okuba benze ukuhlolwa okungamiselwe migomo *(Informal assessment) ngaphambi kokuba banikezwe ukuhlolwa okumiselwe imigomo.*

Isibonelo samathaskhi atholakala kule ncwajana, enziwe aba sezingeni eliphezulu esifundweni, injongo yawo ukukhombisa indlela eyiyo futhi enhle ekukhandeni ukuhlola okumiselwe nokungamiselwe migomo. Othisha bayakhuthazwa ukuthi basebenzise lezi zibonelo zamathaskhi njengesibonelo sokukhanda imisebenzi yabo yokuhlola emiselwe nengamiselwe migomo.

**MNUMZANE HM MWELI**

**UMQONDISI JIKELELE**

**USUKU:** 13/09/2017

## 1. ISINGENISO

Ukuhlola kuwuhlelo oluqhubekayo enqubeni yokuhlonza, yokuqoqa, yokutolika ulwazi lokuthi abafundi basebenze kanjani, kusetshenziswa izindlela ezehlukene zokuhlola. Kufaka amazinga amane: ukwakha nokuqoqa ubufakazi bomphumela, ukulinganisa lobu bufakazi, ukurekhoda okutholakele kanye nokusebenzisa lolu lwazi ukuqonda nokukwazi ukwelekelela ukuthuthuka komfundi ukuze kwenziwe ngcono inqubo yokufunda nokufundisa.

Le ncwadi, iwumzekelo (iyisibonelo) ongumhlahlandlela ezikoleni kanye nakothisha abasebenza ngokuhlola kwasesikoleni (i-SBA nama-orali) olimini iwasekhaya.

Ukuhlola kwasesikoleni kuyingxenye abalulekile yabafundi ekubalungiseleleni ukuhlolwa kokuphela konyaka. Amathaski okuhlola amiselwe imigomo amakwa uthisha awarekhode ukuze kubonakale ukuthi umfundi uyaqhubekela yini ebangeni elilandelayo kanye nokukhipha izitifiketi.

Ukuhlola okumiselwe imigomo kunikeza uthisha amasu okubheka nokulinganisa ukuthuthuka kwabafundi ebangeni nasezifundweni. Izibonelo zokuhlola okumiselwe imigomo kubala, izivivinyo, ukuhlola, amathaski okwenza, amaprojekthi, okwethulwa ngomlomo, ukubonisa: ukulinganisa, njll. Amathaski okuhlola amiselwe imigomo ayingxenye yoHlelo lokuHlola loNyaka wonke eBangeni ngalinye kanye nasezifundweni.

Lokhu kuhlolwa kwasesikoleni kuphoqelekile kuwo wonke umfundi. Uma umfundi engakwazi ukuhambisana nezidingo ezikhethekile zenqubomgomo, ngeke avunyelwe ukungenela ukuhlolwa kokugcina kwaleso sifundo.

Amathaskhi okuhlola enza uhlelo lokuhlola olumiselwe imigomo lonyaka wonke. La mathaskhi mawangathathwa kalula nje, futhi abafundi mabagqugquzelwe ukuthi babelane ngemisebenzi yokugcina ekuhlolweni kwabo etshengisa ikhono labo lonke.

Khumbula ukwenza ukuhlolwa kwabafundi kuhambelane futhi kube sezingeni elifanele labafundi. Yenza ithaskhi ihambelane nezidingo ezithile zakho, kanjalo khumbula ukuthi uholwa yizidingo ezibekwe kusiTatimende seNqubomgomo yoHlelo lwezifundo nokuHlola

**IZINHLOSO ZOKUHLOLWA ESIKOLENI**

- Kuthuthukisa izindlela zokuhlola ama-orali namanye amathaskhi ikakhulu ngokufaka izinto ezingeke zahlolwa esimeni esiqashiwe.

- Kuthuthukisa ubunjalo bokuhlola ngoba isinqumo sobe sincike phezu kokuhlola abafundi ngesikhathi esengeziwe.

- Kunomvuzo ekufundiseni nasekufundeni, ikakhulu kubudlelwane bokuthuthukisa ukukhuluma, ukufunda kanye namasu okubhala.

- Kunikeza othisha amandla okuba yingxenye yohlelo lokuhlola futhi kunikeze nokuxhumana kanye nokucobelelana kwemikhuba engaphakathi nengaphandle kwezikole.

- Kunomsebenzi wokuthuthukisa, wokwakha ikhono lokuhlola kothisha elingadluliselwa kweminye imikhakha yohlelo lwezemfundo.

Ukwehluka kobunjalo (be–SBA nama-orali) (kanye namandla ayo njengengxenye encane yezinqubo zokuhlola) inokushoyo ngobunjalo nokwenza, ikakhulu kubunjalo bamathaskhi okuhlola kanye neqhaza elibanjwe uthisha ekugcineni izinga lokuhlola lisesimeni esamukelekile. Lokhu kufingqwe ngendlela elandelayo:

- Inqubo yokuhlola ifanele ukuxhunyaniswa futhi ibe nomphumela oqondakalayo wokufundisa ngendlela eyejwayelekile. Ukufundisa, ukufunda kanye nokuhlola kufanele kube yingxeye enobudlelwane bemfundo yonkana. (Njengokuthi i–SBA nama-orali akuwona umsebenzi oyingxenye ehamba yodwa, ifanele ukwenzelwa isikhathi noma ilungiselelwe eceleni engazuthi akuyona ingxenye yohlelo lwezemfundo.);

- Ukuhlola makunikezelane ngesithombe esihle salokhu abafundi abangakwenza kunokuhlolwa kwangaphandle ngokuthatha izibonelo ngesikhathi esinwetshiwe futhi ngokusondela kahle empilweni yangempela nangaphandle kwesimo sengcindezelo (i-SBA nama-orali akuwona umsebenzi owenziwa ezimeni okungezona ezokuhlola.);

- Izinto okubaluleke sizibheke kulokhu kuhlola; inkulumo, ukufunda, ukubhala ngendlela ejulile futhi nokwazi ukubeka imibono yakho kahle;

- Indlela yokumaka kanye namazinga okumaka kufanele kuhlalwe kuxoxisanwana ngakho nabafundi, futhi bakusebenzise njengenxenye yokuhlolana kwabo;

- Amathaski okuhlola enziwe njengalawa enzelwe ukuhlolwa esimeni esiqashiwe, kuyinqubo yokufundisa lapho uthisha angema eceleni abuke ubunjalo obubonakalayo nobungabonakali ngomfundi ngamunye, qhathanisa lezo zinqumo ngomfundi ngamunye ngokuhlolisisa nangokucophelela imizekelo yangempela eyenziwe abafundi, futhi bese uthatha umsebenzi wabo uwubhekisisa ukubona ukucabanga kwabo;

- Inqubo ye-SBA nama-orali ukuze ilethe ushintsho, ifanele ibe nomqondo osezingeni eliphezulu, ocabangela izidingo zabafundi.

Othisha kufanele baqinisekise ukuthi abafundi bafundile baphinda bakuqonda okudingekayo anduba kwenziwe ukuhlolwa kwemisebenzi ehleliwe.

| Amathekisthi | Ubude besikhathi |
|---|---|
| Izingxoxo, inkulumo-mpendulwano/amaqembu/izigungu | Imizuzu engama-20 kuya kwengama-30 |
| Izinkulumo-mpendulwano | Imizuzu eyi-6 kuya kweyisi-8 |
| Inhlolokhono / i-inthavyu | Imizuzu eyi-10 kuya kweyi-15 |
| Ukwethula isikhulumi, amazwi okubonga | Imizuzu emi-4 kuya kwemi-5 |
| Inkulumo elungiselelwe nengalungiselelwe/ umbiko nokubukezwa kwemibhalo | Imizuzu emi-4 kuya kwemi-5 |
| Ukuxoxwa kwendaba | Imizuzu eyi-8 kuya kweyi-10 |
| Umhlangano nenqubo yomhlangano. | Imizuzu eyi-10 kuya kweyi-15 |

**Gxila ebudeni onikezwe bona:**

| Amabanga | Ukulalela ngokuqondisisa Ubude be-eseyi yombhalo (amagama) | Isifundo sokuqondisisa Ubude be-eseyi yombhalo (amagama) |
|---|---|---|
| 10 | 150 | 380-440 |
| 11 | 250 | 440-500 |
| 12 | 350 | 500-560 |

**Gxila ebudeni onikezwe bona:**

| Amabanga | Ukubhala Indaba Ubude be-eseyi yendaba (amagama) | Ubude bendaba Ukufingqa Amagama angedluli kwangama-80 |
|---|---|---|
| 10 | 240-290 | 220 |
| 11 | 290-340 | 320 |
| 12 | 340-390 | 350 |

**Gxila ebudeni onikezwe bona:**

| Amabanga | Izinkondlo Ubude be-eseyi yombhalo (amagama) | Inovel / Umdlalo/Ubuciko bomlomo Ubude be-eseyi yombhalo (amagama) |
|---|---|---|
| 10 | 90-140 | 240-290 |
| 11 | 140-190 | 290-340 |
| 12 | 190-240 | 340-390 |

| Amabanga | Amathekisthi adlulisa umyalezo |
|---|---|
| 10, 11 & 12 | 100-120 |

**UKUHLOLA AMATHASKHI ETHEMU YOKUQALA. IBANGA LE-10 NELE-11**

| Ithaskhi yoku-1 | Ithaskhi yesi-2 | Ithaskhi yesi-3 | Ithaskhi-4 |
|---|---|---|---|
| Usuku------- | Usuku------ | Usuku------ | Usuku--- |
| Amamaki=15 | Amamaki=50 | Amamaki=25 | Amamaki=35 |
| Ama-orali Ukulalela ngokuqondisisa | Ukubhala indaba elandisayo / edaza inkani / echazayo | Imibhalo edlulisa imiyalezo | Isivivinyo soku-1 Isivivinyo sokuqondisisa, ukufingqa, izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi. |

### UKUHLOLA AMATHASKHI ETHEMU YESIBILI

| Ithaskhi yesi-5 | Ithaskhi yesi-6 | Ithaskhi yesi-7 |
|---|---|---|
| Usuku------- | Usuku------ | P1----- P2------ P3------- |
| Amamaki=10 | Amamaki= 35 | P1=/70/ P2= /80 / P3= /100/ = [250] |
| Ama-orali<br>Inkulumo elungiselelwe | Imibhalo yobuciko<br>Imibuzo emifushane (10)<br>Imibuzo emide (25) | Iphepha Lokuqala: Isifundo sokuqondisisa: Ukufingqa,<br>Ulimi oluhambisana nesimo=70 Amamaki.<br><br>Iphepha Lesibili: Imibhalo: izinkondlo, inoveli / ubuciko bomlomo, umdlalo=80 Amamaki.<br><br>Iphepha Lesithathu: Ukubhala nokwethula Imibhalo yokuzisungulela: Indaba echazayo, edaza inkani / elandisayo. Imibhalo yemisebenzi emide: zonke izinhlobo okufundwa ngazo kuleli banga=100 Amamaki. |

### UKUHLOLA AMATHASKHI ETHEMU YESITHATHU

| Ithaskhi yesi-8 | Ithaskhi yesi-9 |
|---|---|
| Usuku------- | Usuku------ |
| Amamaki=15 | Amamaki= 35 |
| Ama-orali<br>Inkulumo engalungiselelwe/<br>elungiselelwe. | Imibhalo yobuciko<br>Isivivinyo, sesibili , Imibuzo emifushane / emide |

### UKUHLOLA AMATHASKHI ETHEMU YESINE

| Ithaskhi ye-10 | Ithaskhi ye-11 |
|---|---|
| Usuku------- | Izinsuku: P1:------ P2------------ P3------------ |
| Amamaki=10 | Amamaki: P1=70 P2=80 P3=100 P4= 50 [Isamba=300] |
| Ama-orali<br>Inkulumo elungiselelwe | Ukuhlola kokuphela konyaka<br>Iphepha Lokuqala: Isifundo sokuqondisisa: Ukufingqa, Ulimi, oluhambisana, nesimo=70 Amamaki.<br><br>Iphepha Lesibili: Imibhalo: izinkondlo, inoveli / ubuciko<br><br>bomlomo, umdlalo=80 Amamaki. |
| | Iphepha Lesithathu: Ukubhala nokwethula imibhalo yokuzisungulela: Indaba echazayo, edaza inkani / elan-disayo. Imibhalo yemisebenzi emide: zonke izinhlobo okufundwa ngazo kuleli banga=100 Amamaki. |

**Ukuhlola kokuphela konyaka = 75% + Ukuhlola okuqhubekayo= 25% = [100].**

**IBANGA LESI-12 UKUHLOLA AMATHASKHI ETHEMU YOKUQALA**

| Ithaskhi yoku-1 | Ithaskhi yesi-2 | Ithaskhi yesi-3 | Ithaskhi yesi-4 | Ithaskhi yesi-5 |
|---|---|---|---|---|
| Usuku--- | Usuku--- | Usuku--- | Usuku--- | Usuku------- |
| Amamaki=15 | Amamaki=50 | Amamaki=25 | Amamaki=10 | Amamaki=35 |
| Ama-orali: Ukulalela ngokuqondisisa | Ukubhala: indaba elandayo / edaza inkani / echazayo | Amathekisthi adlulisa imiyalezo | Ama-orali: Inkulumo elungiselelwe | Isivivinyo soku-1: Isivivinyo sokuqondisisa Ukufingqa Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi. |

**UKUHLOLA AMATHASKHI ETHEMU YESIBILI**

| Ithaskhi yesi-6 | Ithaskhi yesi-7 | Ithaskhi yesi-8 |
|---|---|---|
| Usuku------- | Usuku------ | P1----- P2------ P3------- |
| Amamaki=35 | Amamaki= 15 | P1=/70/ P2= /80 / P3= /100/ = [250] |
| Imibhalo yobuciko<br>Imibuzo emifushane=10<br>Umbuzo omude=25 | Ama-Orali:<br>Inkulumo engalungiselelwe. | Ukuhlolwa kwaphakathi nonyaka:<br><br>Iphepha Lokuqala: Isifundo sokuqondisisa: Ukufingqa,<br>Ulimi oluhambisana nesimo=70 Amamaki.<br><br>Iphepha Lesibili: Imibhalo: izinkondlo, inoveli / ubuciko bomlomo, umdlalo=80 Amamaki.<br><br>Iphepha Lesithathu: Ukubhala nokwethula<br>Imibhalo yokuzisungulela: Zonke izinhlobo zezindaba ezifundwa kuleli banga. Imibhalo yemisebenzi emide: zonke izinhlobo okufundwa ngazo kuleli banga=100 Amamaki. |

**UKUHLOLA AMATHASKHI ETHEMU YESITHATHU**

| Ithaskhi yesi-9 | Ithaskhi ye-10 |
|---|---|
| Usuku------- | Usuku------ |
| Amamaki=10 | Amamaki= 250<br>Iphepha 1=70 / Iphepha 2=80 / Iphepha 3=100 |
| Ama-orali<br>Inkulumo engalungiselelwe | Usingakuhlolwa<br>Iphepha Lokuqala: Isifundo sokuqondisisa, Ukufingqa, Ulimi oluhambisana nesimo=70 Amamaki.<br>Iphepha Lesibili: Imibhalo: izinkondlo, inoveli / ubuciko bomlomo, umdlalo=80 Amamaki.<br>Iphepha Lesithathu: Ukubhala nokwethula imibhalo yokuzisungulela:<br>Zonke izinhlobo zezindaba ezifundwa kuleli banga. Imibhalo yemisebenzi emide:<br>zonke izinhlobo okufundwa ngazo kuleli banga=100 Amamaki. |

**AMATHASKHI**

**Imiyalelo**

- Thisha chazela abafundi ukuthi ithaskhi izokwenziwa kanjani.
- Fundela abafundi indaba kanye. Abafundi abalindelekile ukuba babhale amanothi ngenkathi kusafundwa okokuqala.
- Phinda ufunde indaba okwesibili. Abafundi sebengawathatha amanothi.
- Funda umbuzo ngamunye, unikeze abafundi isikhathi esanele sokuphendula imibuzo, noma unikeze abafundi iphepha elinemibuzo bese ubanikeza isikhathi esanele sokuphendula imibuzo.
- Khumbuza abafundi ukuthi abazukujeziselwa isipelingi uma singawulimazi umqondo womusho.
- Lo msebenzi awumakwe kuphinde kuqoshwe amamaki.
- Nikeza abafundi ithuba lokubona amamaki abo bese benza izilungiso.

## Ithaskhi yoku-1: Ukulalela ngokuqondisisa: Ibanga le-12

| Amamaki: |
|---|
| 15 |

Ibhizinisi likunikeza ithuba lokuthi uziqagelele ukuthi ufuna ukwenza malini, empeleni uye uzibone ungokhululekile, unamandla okwenza noma ngabe yini.

Kubalulekile ukuthi ungene ebhizinisini amehlo uwavulile ngoba ukuqala nokuqhuba ibhizinisi akukhona okukawonke wonke. Baningi abantu abaqala amabhizinisi agcina eseshabalele kuhle kwamazolo ebona ilanga. Kubalulekile ukuthi wenze ucwaningo ngohlobo lwebhizinisi ofisa ukuliqala wazi ukuthi kuzodingekani ukuze ungazitholi usuphoxeka kucwile nemali obuyisebenzele kanzima.
Izinto okumele uziqikelele futhi uzazi ukuthi ungumuntu onamandla kuphi okunye untekenteke kuphi. Osomabhizinisi abanalo lonke ulwazi futhi abahlukile kwabanye abantu ngakho kudingeka bacele usizo lapho beludinga khona. Osomabhizinisi bangabantu babantu, bayakwazi ukuxoxa nabasebenzi nozakwabo ebhizinisini ukuze bafunde okuthile okuzobaphumelelisa. Kuyancomeka kakhulu uma umuntu ezokwengeza ulwazi aludingayo ngokwenza izifundo zokuphathwa kwamabhizinisi ezihlelwa izinkampani ezizimele, izikhungo zemfundo ephakeme noma iminyango ethile kahulumeni.

Umuntu ophumelelayo ebhizinisini ilowo ophokophele phambili ozethembayo kanye nebhizinisi aliqokile. Akayeki uma ehlangabezana nezingqinamba kodwa uyaqhubeka. Unikela ngolwazi, ubuciko nakho konke anakho ebhizinisini lakhe ukuze libe impumelelo. Ukuzimisela kwakhe kubonakala ngokuthi asebenze isikhathi eside afake nemali yakhe ebhizinisini ukuze liqhubeke. Uzibambela mathupha ebhizinisini afune ukwazi konke okwenzekayo. Akesabi ukwenza izinto ezibonakala ziwubungozi kodwa zibe zizothuthukisa ibhizinisi. Uyasicubungula isimo nesimo abheke ukuthi ngeke lilimale ibhizinisi. Unempatho kubantu, ubaphatha kahle abasebenzi nabathengi abambisane nabanye osomabhizinisi, aqikelele ukwenza ubudlelwano obungapheli nabantu asebenza nabo. Uhleli efisa ukwenza ngcono izindlela zokusebenza alithuthukise ibhizinisi lakhe. Unethemba lempumelelo, akaphelelwa umdlandla uma eke waphazamiseka kodwa ufunda ngamaphutha ahlangabezana nawo.

Ibhizinisi ungakaliqali kufanele ubale izizathu ezenza ufune ukuba nebhizinisi. Kujwayelekile ukuthi abantu baqale ibhizinisi ngoba benalezi zizathu ezine ezilandelayo: ukuba nemali, ukuziphatha, ukuba nenkululeko yokwenza izinto ngendlela obona ngayo kanye nokusebenzisa ulwazi nobuciko bakho. Lokhu kube sekudinga ukuthi iliphi ibhizinisi elikulungele ngokuthi uzibuze ukuthi yini othanda ukuyenza ngesikhathi sakho? Iluphi ulwazi onalo lokuvula ibhizinisi? Yini abantu abathi unekhono kuyo? Unaso yini isikhathi sokuqhuba ibhizinisi? Unabo yini ubuciko ongabuguqula bukwenzele imali?

Ngemuva kwalokhu okubaluliwe ngenhla bheka ukuthi leli bhizinisi lizosiza kuphi ngokuzibuza le mibuzo: lokhu ofisa ukukwenza kunesidingo yini? Ngobani abanye abenza lo msebenzi ofisa ukuwenza? Yini ongayenza ukuheha abanye abantu bathenge kuwena bayeke ezinye izinkampani? Ngabe uzokwazi yini ukunika abathengi umkhiqizo osezingeni eliphezulu baneliseke ngawo?

Akuphele ukubhalisa ibhizinisi ngenhloso yokuthola noma iyiphi ithenda kube kushaywa indiva ukuntula amakhono afanele okwenza umkhiqizo osezingeni.

1. Gagula amandla owanikezwa ukuba nebhizinisi (2)

2. Yini ebalulekile ngaphambi kokuba ungene ebhizinisini? (2)

3. Shono amaphuzu asesiqeshini asitshela ukuthi osomabhizinisi bantekenteke kanti futhi banamandla. (2)

4. Chaza imbangela yokungesabi kukasomabhizinisi ukwenza izinto ezinobungozi. (2)

5. Chaza ubumqoka bombono wokuba nezizathu ngaphambi kokuqala ibhizinisi. (2)

6. Ukwenzani ukushaya indiva? Phawula ngokufaneleka noma ukungafaneleki kwalesi simo sokukhuluma. (3)

7. Ngabe yiqiniso noma umbono ukuthi ibhizinisi liyindlela engcono yokukhanda imali? Sekela impendulo yakho. (3)

**[15]**

UHLA LWEZIMPENDULO

| | | |
|---|---|---|
| 1 | Ithuba lokuziqagelela ukuthi ufuna ukwenza malini.<br>Ukuzibona ungokhululekile unamandla okwenza noma ngabe yini. | (2) |
| 2 | Ukwenza ucwaningo ngohlobo lwebhizinisi ofisa ukuliqala ukuze ube nolwazi olwanele ekugwemeni izinkinga ezinkulu ongahlangabezana nazo ebhizinisini. | (2) |
| 3 | Osomabhizinisi abanalo lonke ulwazi.<br>Osomabhizinisi bangabantu babantu. | (2) |
| 4 | Ukubuswa umbono wokuthuthukisa ibhizinisi lakhe ngakho okungaba ubungozi ukubona kungenawo amandla okuwuvimba lo mbono ukuthi ufezeke. | (2) |
| 5 | Izizathu ezinqala zigqamisa isidingo sokuba nebhizinisi. Uma zingaqinile asikho isidingo sokuba nebhizinisi. | (2) |
| 6 | Ukungayinaki into ethile. Sifanelekile ngoba ukunganaki kukasomabhizinisi ukuthi akanalo ikhono elifanele lokwenza umsebenzi othile kwenza ukuthi yande imikhiqizo esezingeni eliphansi. | (3) |
| 7 | Umbono, zikhona nezinye izindlela zokukhanda imali ngaphandle kwebhizinisi. | (3) |
| | | **[15]** |

**Ithaskhi yesi- 2: Ukubhalwa kwendaba**

| Amamaki |
|---|
| 50 |

Igama nesibongo: ______________________ Ibanga: _______________

Usuku Lokubhalisa: _____________________________

**IMIYALELO:**

Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

1. Mhla Ngiphumelela Ngamalengiso Emabangeni Emfundo Aphansi. **[50]**
2. Okungenziwa Ukulwisana Nenselelo Esibhekene Nayo Yokuntuleka Kwamanzi ENingizimu Afrika **[50]**
3. Ubuhle Nobubi Bokuphathwa Komakhalekhukhwini Ezikoleni. **[50]**
4. Umabonakude Yinto Yamavila.

   Uyavumelana noma uyaphikisana yini nalesi sihloko: **[50]**
5. Wo Hhe! Lafa Elihle Kakhulu. **[50]**
6. Isithombe esilandelayo esisembuzweni siqubula imizwa kanye nemicabango.

   Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

   Qaphela: indaba yakho mayibe nobudlelwano nesithombe osikhethile.

**6.1**



**NOMA**

**Ithaskhi yesi-3: Amathekisthi adlulisa imiyalezo**

| **Amamaki** |
| --- |
| 25 |

Igama nesibongo:______________________ Ibanga:_____________

Usuku Lokubhalisa: ____________________

**IMIYALELO YABAHLOLWAYO**

- Le thaskhi inemibuzo emine.

  **1.** Phendula umbuzo OWODWA koyinikiwe.

  **2.** Inani lamagama kufanele libe yi-100 kuya kwayi-120

  **3.** Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

  **4.** Ungaziguquli izinombolo zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

  **5.** Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

  **6.** Sebenzisa ubhalomagama olumisiweyo.

  **7.** Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.

1. **INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho weminyaka usanda kushiywa umzali wakhe ngokukhulu ukuzuma engozini yemoto.

**Bhala incwadi yokumduduza.** **[25]**

2. **IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

Ubone isikhangisi somsebenzi ephephandabeni ILANGA sokushaya isisefo esitolo sakwaShoprite eThekwini. Kufuneka umuntu onebanga le-10. Onolwazi ngekhompyutha. Okwazi ukukhuluma isiZulu kanye nesiNgisi. Usuku lokuvala ukufaka isicelo umhla zingama-20 Novemba 2018

**Bhala incwadi yokuzazisa neKharikhulamu Vithaye uyiqondise kumphathi wakwaShoprite, Private Bag X1050, Durban, 4001.**

A. Makulandelwe uhlelo lokubhala incwadi yesicelo somsebenzi
B. IKharikhulamu Vithaye

Akuvele lezi zihlokwana

- Imininingwane yakho
- Ukufunda kwakho
- Iqhaza emphakathini
- Abantu abangathintwa

**[25]**

## 3. ISIBUYEKEZO SENCWADI

**Uthisha ukunikeze umsebenzi wokuyofunda izincwadi ezingamiselwe ukufundwa kulo nyaka.**

**Bhala isibuyekezo senye yezincwadi ozifundile.**

**Makuvele lokhu okulandelayo:**

- Isihloko sencwadi
- Umbhali wencwadi
- Abashicileli
- Unyaka eyashicilelwa ngawo
- Indawo eyashicilelwa kuyo
- Ingqikithi yencwadi ngamafuphi **[25]**
- Isiphetho (uvo lwakho- uncome noma uyigxeke)

## 4. AMAMINITHI OMHLANGANO

UnguNobhala weKomiti elilawula isikole. Esikoleni senu ninenkinga yokugqekezelwa njalo ngenxa yokuthi akekho unogada wasebusuku. Nibe seniba nomhlangano wabazali nabafundi ukuzama ukuthola isisombululo sale nkinga.

Bhala i- AJENDA namaminithi omhlangano. [25]

## 5. I- INTHAVYU/INHLOLOKHONO

Bhala i-inthavyu Phakathi Kwentatheli Yephephandaba “Woza Nazo” Kanye Nosomabhizinisi Oyisibonelo Esihle Emphakathini.

- Mayibhalwe imise okwenkulumo-mpendulwano. Isib. Intatheli uSithembiso.
- Obuzayo imibuzo iba mifushane kanti kophendulayo ulindeleke ukuba aphendule ngokugcwele.
- Izimpawu zokuloba zibalulekile.
- Imizwa yokhulumayo mayivezwe inkulumo yakhe.

**[25]**

## 6. INKULUMO ELUNGISELELWE

Ukhethiwe esontweni ukuba wethule inkulumo elungiselelwe njengoba kade niye ekhempini nge-phasika ukuze abazali baphinde banivumele nangokuzayo.

Bhala inkulumo elungiselelwe

**Makuvele lokhu:**

- Inkulumo yethulwa ubani, uhlobo lomcimbi, usuku.
- Ubonga ithuba abingelele izethameli ngezikhundla zazo.
- Ungenisa inkulumo yakhe anamathele engqikithini azoyixoxa.
- Emzimbeni uhalalisela ubonga bonke ababe nesandla ekuphumeleleni kwenu kulo luhambo
- Angayiphetha ngokunikeza izeluleko zokuzikhandla nokuziphatha kahle kontanga,
- Angavalelisa ngokubonga isikhulumi **[25]**

**Amamaki angacazwa ngale ndlela:**

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)**

**OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO NESAKHIWO (15)**

**OKULINDELEKILE**

1 **INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli lobhalayo, lihambisane nosuku
  Isib. 27 kuNhlangulana 2016/27 Juni 2016
- Isibingelelo: Isib. Mama noma Mageba
- Isingeniso: Makwethulwe inhloso yokubhalwa kwencwadi.
- Umzimba - Mawehlukaniswe ngezigaba.
  - Makwenatshwe nenhloso yokubhalwa kwencwadi, okuwukucela ukuthengelwa izincwadi
  - Makuvle ukubaluleka kwalezi zincwadi noma ingozi yokungabi nazo.
- Isiphetho: Ukusonga ingqikithi yencwadi, Isib. Ngiyojabula uma umama ephumelele ukungithengela lezi zincwadi zesikole.
- Yimina indodakazi/indodana yakho
  uSimangele

**2 INCWADI YOKUZICHAZA (CV) NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

(a) Incwadi ehambisana neCV

- Amakheli amabili, lobhalayo kanye nelalowo obhalelwayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib. 09 Mbasa 2016, 07 kuNdasa 2016.
- Ikheli lesibili liqalisa ngokubhala isikhundla salowo obhalelwayo. Isib. Mqondisi wenkampani
- Isihloko obhala ngaso: Incwadi Ehabisana NeCV.
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Isib. Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazane.
- Incwadi ayibe nesingeniso: Ukuzethula nokuthi usibonephi isikhangiso
- Umzimba: Kungani uzibona kufanele uthole lo msebenzi, yisho amakhono onawo nanokuthi azokusiza kanjani ukuthuthukisa le nkampani.
- Isiphetho: Akuvele ukuthi ungajabula uma ungase ubizelwe inhlolokhono.
- Valelisa ukhombise ukuzithoba. Isib. Yimina ozithobayo
  uSiphelele Mkhize (Mnu./Nkk./Nksz.)

**(b) INCWADI YOKUZICHAZA (I-CV)**

- Iminingwane ephathelene nami:
- Iminingwane ephathelene nemfundo:
- Imininingwane ephathelene nomsebenzi:
- Iqhaza emphakathini:
- Igalelo lokuphatha:
- Okokuzilibazisa:
- Abantu abangathinthwa (Amagama abantu abathathu kuphela nezinombolo zabo)

**4 "I-Athikhili Yephephandaba"**

**5 <u>I-INTHAVYU</u>**

- Isihloko. Isib. I-inthavyu phakathi komsakazi WoKhozi F.M…kanye nosaziwayo u….
- Mayibhalwe imise okwenkulumo mpendulwano. Isib. UMavuso.
- Phambi kwamagama abalingiswa kufakwa ikholoni. Isib. uMavuso:
- Obuzayo imibuzo iba mifushane kanti ophendulayo ulindeleke ukuba aphendule ngokugcwele.
- Izimpawu zokuloba zibalulekile.
- Imizwa yokhulumayo mayivezwe inkulumo yakhe. Isib. USomizi: Ngiyabona ukuthi kushelele ulimi ngokukhuluma kanje Mshengu. Ayidle izishiyele.

**6 INKULUMO ELUNGISELELWE**

- Isihloko: Makuvele lokhu: Inkulumo yethulwa ubani, uhlobo lomcimbi nosuku.
- Ukubonga ithuba nokubingelela izethameli ngezikhundla zazo.
- Ukungenisa inkulumo yakho unamathele engqikithini ozoyixoxa.
- Emzimbeni ubonga intsha ngokuvelela kwayo emiphakathini okuyisibonelo esihle esisikhumbuza okwenzeka ngonyaka we-1976 lapho intsha yaphumela khona obala yalwela amalungelo ayo.
- Ukuphetha ngokunikeza ugqozi entsheni ukuthi ayiqhubeke nokuzinikela ekubeni izibonelo ezinhle emiphakathini eyakhele ngisho nasezweni jikelele.
- Ukuvalelisa ngokubonga ithuba lokuba yisikhulumi.

| Amamaki |
| --- |
| 10 |

**Ithaskhi yesi-4: Inkulumo elungiselelwe**

Igama nesibongo: ______________________ Ibanga: _______________

Usuku Lokubhalisa: ____________________

**IMIYALELO**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ozokwethula ngaso inkulumo elungiselelwe.

1 Ngajabula Ngaze Ngakhala. (10)

2 Umdlalo Engiwuthandawo. (10)

3. Abantu Besifazane Banekhono Lokuba Ngabaholi Emikhakheni Eminingi.
Uyavumelana noma Uyaphikisana nalesi sihloko? (10)

4 Ubuhle Nobubi Nemali Eningi (10)

5. Amathanga Ahlanzela Abangenamabhodwe. (10)

6. Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango. Khetha isithombe ESISODWA usinikeze isihloko bese wethula indaba yakho oyilungiselele.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesihloko osikhethile.

6.1



**(10)**

Ithaskhi yesi-6- : Imibhalo yobuciko

| Amamaki |
| --- |
| 35 |

Igama nesibongo: ______________________ Ibanga:______________________________

Usuku Lokubhalisa: ______________________________

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1 Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo
2 Abahlolwayo mabangafundi yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.

ISIQEPHU A: Izinkondlo (10)

ISIQEPHU B: Amanoveli / Ubuciko Bomlomo (25)

3 Phendula imibuzo EMIBILI.
4 Izimpendulo zemibuzo emide maziphendulelwe ngamagama aphakathi kwangama-340-390.
5 Izimpendulo zemibuzo emifishane, amamaki anikezwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani
6 Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni
7 Abahlolwayo bayelulekwa ukuba babhale ngobunono nangesandla esibonakalayo

- Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini Elisha
- Indlela yokusebenzisa isikhathi:

ISIQEPHUA: IMIZUZU ENGAMA -10
ISIQEPHU B: IMIZUZU ENGAMA -50

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

**Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.**
**NOMA SEKUNJE (Mathenjwa L.F)**

Ngibon ”amakhand” ekhedamisile,
Ubuso bembethe usizi nokujabha,
Ukushabalala kwamathemba akubuzwa.
Imuva kalisabonwa,
Ikusasa liluvindi,
Kuzothiwan” uma kunje?
Amathemb” ayizolo ashabalele

Izethembiso ziyagxotshwagxotshwa,

Isibindi simiswa ngelilodwa,
Qhubekani kuzolunga,
Umzabalazo awukapheli,
Silwela impilo engcono.
Njengobani olwa elambile?

Njengoban" odukuz" umnyama engaboni?
Likhethekile bala emasini,
Badansazile kwamakhelwane.
Basho ngelilodwa:
Qinan" isibindi sekuzolunga.
Ngabe ntombi usawakhumbula awakho?

Lon" usuku usalwazi na?
Kodwa ngingalulibala khona kanye?
Mhla sichwaza ngenhlokomo.
Inhliziy" ish" ukuphuma ngomlomo.
Phinde ngizophila noma sekunje.

1.1. Xoxa ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni amasu obunkondlo ukugqamisa isigqi kule nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi – 190 kuya kwangama – 240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo

- Makuchazwe amasu obunkondlo
- Makuchazwe isigqi
- Makuchazwe ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni amasu obunkondlo ukugqamisa isigqi kule nkondlo **[10]**

UMBUZO 2: (UMBUZO OMUDE)

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – J.C.

BUTHELEZI

Xoxa ngokuphumelela kombhali ekwethuleni isakhiwo encwadini ethi: Impi Yabomdabu Isethunjini, impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama -340 kuya kwamagama angama- 390.

Impendulo yakho mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo

- Ukwethulwa nokuchazwa kwesakhiwo
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho wena ohlolwayo mayelana nesakhiwo sale noveli. **[25]**

| Amamaki |
| --- |
| 15 |

**Ithaskhi yesi-7: Inkulumo engalungiselelwe**

**Igama nesibongo: ____________________ Ibanga: ___________**

**Usuku Lokubhalisa: __________________**

**Imiyalelo Yenkulumo Engalungiselelwe**

- Yalela abafundi ukuba bakhethe isihloko esisodwa abazokwethula ngaso inkulumo engalungiselelwe
- Yazisa abafundi ukuthi bazokhuluma isikhathi esisukela emizuzwini emi-2 kuya kwemi-3
- Sebenzisa irubhrikhi yenkulumo engalungiselelwe uma usuhlola.

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ozokwethula ngaso inkulumo engalungiselelwe:

1. Uthisha Owangenza Umuntu Ngeziyalo Zakhe.

2. Okwangixosha Esontweni Lethu.

3. Angisophinde Ngethembe Umngane Empilweni Yami.

4. Ezobuchwepheshe Esikhathini Samanje.

5. Ukwenyuka Kwentengo Yokudla Kuleli Kwandisa Ubugebengu. Uyavumelana noma Uyaphikisana nalesi sihloko?

6. Ubugebengu Abubuyiseli.

7. Ubuhle Nobubi Bokukhula Uhlupheka.

8. Inkunzi Isematholeni

# ITHASKHI YESISHIYAGALOLUNYE

INKULUMO ELUNGISELELWE

AMAMAKI = 10

Ithaskhi yesi-9: Inkulumo elungiselelwe

| Amamaki |
|---|
| 10 |

Igama nesibongo: ______________________ Ibanga: _______________

Usuku Lokubhalisa: ______________________________

- Yalela abafundi ukuba bakhethe isihloko esisodwa abazokwethula ngaso inkulumo elungiselelwe
- Yazisa abafundi ukuthi bazokhuluma isikhathi esisukela emizuzwini emi-2 kuya kwemi-3
- Sebenzisa irubhrikhi yenkulumo elungiselelwe uma usuhlola

1. Imfundo Iyohlala Iwukhiye Wempumelelo.
2. Izinkinga Ezidalwa Ukusetsthenziswa Kwezidakamizwa Ezikoleni.
3. Okungenziwa Ukuthuthukisa Ulimi LwesiZulu Emphakathini.
4. Uyathanda Awuthandi  Inhlonipho Ilisiko.
5. Igalelo LikaHulumeni Ekuthuthukiseni Amakhono Entsha.
6. Welekelela Ngempela Uhulumeni Ngokudla Ezikoleni.
7. Lapho Kukhona Imali Nobugebengu Bukhona.
8. Okungenziwa Ukuvuselela Uthando Lwemfundo Kubafundi.
9. Khetha isithombe esisodwa kulezi ezilandelayo bese ulungiselela, ucwaninge ubuye uhlele inkulumo elungiselelwe:
   QAPHELA: Ungaxoxi ngokwenzeka esithombeni kepha isithombe sichukuluza imicabango yakho

9.1.



**Imiyalelo**

- Thisha chazela abafundi ukuthi ithaskhi izokwenziwa kanjani
- Fundela abafundi indaba kanye. Abafundi abalindelekile ukuba babhale amanothi ngenkathi kusafundwa okokuqala
- Phinda ufunde indaba okwesibili. Abafundi sebengawathatha amanothi
- Funda umbuzo ngamunye, unikeze abafundi isikhathi esanele sokuphendula imibuzo, noma unikeze abafundi iphepha elinemibuzo bese ubanikeza isikhathi esanele sokuphendula imibuzo.
- Khumbuza abafundi ukuthi abazukujeziselwa isipelingi uma singawulimazi umqondo womusho.
- Lo msebenzi awumakwe kuphinde kuqoshwe amamaki.
- Nikeza abafundi ithuba lokubona amamaki abo bese benza ukulungisa.

**Ithaskhi yoku-1: Ukulalela ngokuqondisisa:**

**Ukulalela ukuze uthole ulwazi: Ibanga le- 11**

| Amamaki |
|---|
| 15 |

**INHLONIPHO IQALA EKHAYA**

Inhlonipho ingachazwa njengokunika omunye umuntu indawo ngokuthi uhloniphe isikhundla sakhe, akukhathalekile ukuthi mdala noma mncane. Isikhathi esiningi inhlonipho iqala ekhaya. Umuntu kumele aqale ngokuhlonipha abantu asuke ephila nabo kanye nokuzihlonipha yena uqobo ngaphambi kokuhlonipha abantu bangaphandle.

Akulula ukuhlonipha abanye abantu emphakathini uma ungafundiswanga abazali bakho ukuhlonipha ekhaya. Abazali kufanele benze umsebenzi omkhulu ekukhuliseni abantwana babo ngendlela efanele. Umuntu uhlangabezana nobunzima obukhulu lapho esemdala uma engafundiswanga inhlonipho ekhaya. Yingakho kuthiwa umuthi ugotshwa usemanzi. Kulukhuni satshe ukufundisa umuntu esemdala ukuhlonipha okumenza akwazi ukuphilisana nabanye abantu. Inhlonipho yenza umuntu aphile isikhathi eside kwazise neBhayibheli likubeka kucace ukuthi 'Hlonipha uyihlo nonyoko ukuze izinsuku zakho zande ezweni'. Uyihlo nonyoko akukhulunywa ngabazali bakho kuphela kodwa kushiwo wonke umuntu omdala okungaba omaziyo noma ongamaziyo.

Ziningi izingane ezilinyalelwe yikusasa lazo ngenxa yabazali abangazifundisanga inhlonipho. Uma umntwana esehlupha lapho esekhulile abanye abazali baze bazisole ngokuzala izingane zabo, umuzwe umzali esithi, 'angizalanga ngabola amathumbu'. Loku kusuke kudalwa izenzo ezimbi ezenziwa umntwana bese zenza umzali azisole ngokuba nengane.

Izingane zibukela kubazali bazo indlela eya phambili, yingakho kubalulekile ukuthi nabo bazihloniphe baphinde bahloniphe nezingane zabo. Akukuhle ukuthi umzali alindele ukuthi ingane yakhe ihambe kahle yena ehamba lukeke kuhle kwenkalankala, phela isiZulu sithi ukhamba lufuze imbiza.

Umzali ophuza utshwala phambi kwezingane zakhe ubulala ikusasa lazo ngoba zizokhula zazi ukuthi ukweqiwa yinkezo yiyona ndlela yokuphila. Umuzi onezingane ezingahloniphi waziwa kabi, ngisho abantu abawuthandi umndeni onezingane ezingahloniphi. Umzali okhombisa inhlonipho kwabanye abantu nakuye uqobo, izingane zakhe zifunda ubuntu nenhlonipho. Akukhathalekile noma lowo mzali esaziphumulela kobandayo, utuswa njalo emphakathini ngenxa yokuhlonipha kwezingane zakhe.

Ukulalela Ngokuqondisisa

Igama nesibongo: ___________________ Ibanga: _______ Usuku: __________

1. Yimuphi umusho ofakazela ukuthi ikhaya liyisizinda senhlonipho? (1)

______________________________________________

______________________________________________

2. Nikeza OKUBILI okumele umuntu akwenze ngaphambi kokuba ayohlonipha abantu bangaphandle. (2)

______________________________________________

______________________________________________

3. Chaza kafushane umqondo oqukethwe isaga esithi, 'umuthi ugotshwa usemanzi.' Impendulo yakho ayibhekiswe emqondweni walesi siqeshana obusilalele. (3)

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

4. Ucabanga ukuthi kungaba namphumela muni ukungahloniphi kwezingane abazali? Sekela impendulo yakho. (3)

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

5. Kubaluleke ngani ukuba abazali nabo bakhombise inhlonipho ezinganeni? (3)

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

6. Phawula ngesimo sokukhuluma esithi, 'ukhamba lufuze imbiza.' (3)

______________________________________________

______________________________________________

**ISAMBA = 15**

| Amamaki |
| --- |
| 50 |

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Le THASKHI inemibuzo emihlanu
2. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
3. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokubhala indaba. Amalungiselelo mawabe sekhasini lawo wodwa angahlangani nendaba
4. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
5. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo: Amaminithi angama-80
6. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
7. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.
8. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama aphakathi kwangama-290 kuya kwangama-340 ungakhohlwa ukwenza amalungiselelo.

Bhala indaba ngalesi sihloko:

**1.** Ubuhle Nobubi Beziteleka Ezikhungweni Zemfundo Ephakeme **[50]**

**NOMA**

**2.** UHulumeni usebeke phambili ukuqashwa kwabantu besifazane ezikhundleni eziphezulu.

Luthini uvo lwakho ngalesi sitatimende? **[50]**

**NOMA**

**3.** Ubudoda Abukhulelwa **[50]**

**NOMA**

4. Izithombe ezilandelayo ezisembuzweni 4.1. no 4.2. ziqubula imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe esisodwa ubhale ngaso indaba. Yinike isihloko indaba yakho.

Qaphela indaba yakho mayibe nobudlelwano nesithombe osikhethile.

| Amamaki |
|---|
| 25 |

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Le THASKHI inemibuzo EMINE:
2. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
3. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokubhala umbhalo odlulisa umyalezo. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa angahlangani nombhalo odlulisa umyalezo.
4. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
5. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo: Amaminithi angama- 35
6. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
7. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.
8. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

## AMATHEKISTHI ADLULISA IMIYALEZO

Khetha izihloko EZIMBILI kulezi ezilandelayo.

- Bhala ngezihloko ozikhethile kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 sisinye.
- Bhala inombolo yombuzo kanye nenombolo yombhalo owukhethile. *Isib.*1 Incwadi Yobungani

1. **INCWADI YOBUNGANI**

Uthisha wakho ukulekelelile wakuthengela umfaniswano wesikole.

Bhala **incwadi** umbonge ngalesi senzo. **[25]**

**NOMA**

**2. IKHARIKHULAMU VITHAYE (I-CV) KANYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

Usanda kuthumela iKharikhulamu Vithaye yakho esikoleni sangakini ucela isikhala sokufundisa kuso. Bakuphendule ngokuba bacele ubathumelele incwadi ehambisana ne-CV.

Bhala Incwadi ehambisana ne-CV uzincome ubatshele ukuthi kungani kumele baqashe wena. **[25]**

**NOMA**

**3. UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Isikole sakho besivakashele isikole esikwesinye isifundazwe. Ubungomunye obeqokwe ukulekelela ukubheka ukuziphatha kwabafundi enihamba nabo.

Bhala umbiko ongabekelwe mgomo okumele uwethulele isigungu sokuphathwa kwesikole. **[25]**

**NOMA**

**4. INHLOLOKHONO/I-INTHAVYU**

INyuvesi obufake kuyo isicelo sokuzofundela iziqu zobudokotela uma usuphothule ibanga le-12 ikubizele inhlolokhono.

Bhala inhlolokhono phakathi kwakho kanye nesigungu esilawula ukuphathwa kwale nyuvesi. **[25]**

| Amamaki |
| --- |
| 10 |

**IMIYALELO YENKULUMO ELUNGISELELWE:**

- Abafundi abakhethe isihloko esisodwa abazokwethula ngaso inkulumo elungiselelwe.
- Isikhathi sokwethula le nkulumo siyimizuzu emi-4 kuya kwemi-5.
- Inqubo kanye namasu okukhuluma:
  - Ukulungiselela, ukucwaninga kanye nokuhlela.
  - Ukuzilolonga nokwethula inkulumo

1. Ngasizwa Ukuqhamuka Kwakhe

NOMA

2. Ukuhamba Ukubona

NOMA

3. Ubuhle Nobubi Bokuzalwa Ube Uzinyo Bulala Ekhaya

NOMA

4. Angisoze Ngawakhohlwa Amazwi Kathisha Wami

## IZINKONDLO

| Amamaki |
| --- |
| 35 |

### 1. (UMBUZO OMFUSHANE)

undisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo:

**IMVUNGE YEMINYEZANE – JJ Thwala**

Ngizw'imvinge yeminyezane,
Izwakal'ezinkwazini zoMhlathuze,
Iqongel'ezintabeni zoNgoye,
Ingikhumbuz'amaqhawe namaqhawekazi
Adl'umhlanganiso kwaNgqondebanzi,
Evath' iminyezane yobuhlakani
Ahlahl' indlela yakwaLwazi
Ehanjwa ngokuzinikela zikhuthali.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakal' osebeni loMngeni,
Naphakath' ezizibeni zoMngeni
Okubhukud' amaqhawe namaqhawekazi,
Evunul' izidlodlo zenhlonipho,
Avunul' ezegwalagwala zekhethelo,
Kwahlokom'umhlaba ngenhlokomo,
Kwananel' imvelo ngemvunge.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ngavul'izindlebe zakhongozela
Unqambothi lobuzwilili baphakade,
Ngaqanul'a maqap helo ngasinga
Izimangaliso zemikhiqizo yakwaNgqondebanzi:
Zihlinzek' ubuntu nobunye,
Zahlinzek' ubuqotho nesineke,
Zahlinzek' inhlonipho nenkuthalo.

Ngizw'imvunge yeminyezane,
Ingikhumbuz' ukuchwaza kwamahlokohloko,
Ingikhumbuz' ubungqungqulu bezingqungqulu,
Ingikhumbuz' ubuntengu bezintengu,
Ingikhumbuz' ubungududu bezingududu
Ingikhumbuz' ubunkwazi bezinkwazi
Ingikhumbuz' ubuzwilili bemizwilili
Yivungeni iminyezane, yivungeni!

Ngizw' imvunge yeminyezane
Ihamba nemizwa yami
Kwelezincithabuchopho kwaNgqondebanzi,
Ingifuz' imilozi engiyivunga phakade,
Ngiqubule ngelegwalagwala kuhlokom' umhlaba,
Ngihlonyw' ezegwalagwala kwetusw' imvunge
Yivungeni minyezane yaphakade yivungeni!
Yivungeni kuxhuman' elezinyanya nelengabadi.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ihamba name emakhaphelweni,
Okomkhapheyana elus " uchibidolo
Olunkone nolunkonekazi, ngiyayivunga,
Olumpemvu nolumpemvukazi, ngiyayivunga,
Olumtshezi nolumtshezikazi ngiyayivunga-
Oluhhemu noluhhemukazi, ngiyayivunga

Yivungeni minyezane yekhethelo, yivungeni!
Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakala kwelamaxhaphozi nelamifenya,
Izwakal' ezizibeni nasemifuleni,
Iqhamuk' emagatsheni ayekethisile
Elalel' imimoya yamagumbi.
Yivungen' imvunge yosikisiki
Iyisisekelo nensika yempilo,
Yivungen' imvunge yekhethelo!

1.1. Tomula amagama omfula nentaba okubalwa yimbongi ebinzeni lokuqala. (2)

1.2. Fingqa umoya wenkondlo ubhekise ekusetshenzisweni kwesu lokuxhumana okusekuqaleni ebinzeni lesi-4. (2)

1.3. Ucabanga ukuthi ukusetshenziswa kwamagama okuhlonipha adwetshelwe kunamthelela muni emqondweni wale nkondlo? (2)

1.4. Imbongi ihloseni ngokusebenzisa impindwa kuwo wonke amabinza ale nkondlo? (2)

1.5. Phawula kafushane mgomqondo ojulile/ocashile otholakala ebinzeni lokugcina (2)

**[10]**

**2. (UMBUZO OMUDE)**

Phawula ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni ubudlelwano bolwazi lwaphambilini nendikimba kule noveli eniyifunda esikoleni senu kulo nyaka.Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390
Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethulwa nokuchaza ulwazi lwaphambilini kanye nendikimba
- Ukuphawula ngobudlelwano phakathi kolwazi lwangaphambilini nendikimba ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ubudlelwano bolwazi lwaphambilini nendikimba.

**[25]**

**IMIYALELO:**

| Amamaki |
|---|
| 15 |

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ozokwethula ngaso inkulumo engalungiselelwe:

- Imizuzu ebekelwe ukwethula le nkulumo engalungiselelwe mi-2 kuya kwemi-3.

1. Ubuhle Nobubi bokudlala U-90% Womculo Wakuleli Emisakazweni Yomphakathi. **[15]**

2. Ukubona Kanye Ukubona Kabili **[15]**

3. Isiko Lokuhlolwa Kwezintombi **[15]**

**INKULUMO ELUNGISELELWE:**

| Amamaki |
|---|
| 10 |

**IMIYALELO:**

- Abafundi abakhethe isihloko esisodwa abazokwethula ngaso inkulumo elungiselelwe.
- Isikhathi sokwethula le nkulumo siyimizuzu emi-4 kuya kwemi-5.
- Inqubo Kanye namasu okukhuluma:
    - Ukulungiselela, ukucwaninga kanye nokuhlela.
    - Ukuzilolonga nokwethula inkulumo

1. Ithi Ingahamba Idle Udaka [ 10 ]

NOMA

2. Ubuhle Nobubi Bokusebenzisa Izinkundla Zokuxhumana [10 ]

NOMA

3. Uthisha Engingasoze Ngamkhohlwa [10 ]

NOMA

4.



[10]

Sicashunwe ku-inthanethi

- Thisha chazela abafundi ukuthi ithaskhi izokwenziwa kanjani.
- Fundela abafundi indaba kanye. Abafundi abalindelekile ukuba babhale amanothi ngenkathi kusafundwa okokuqala
- Phinda ufunde indaba okwesibili. Abafundi sebengawathatha amanothi
- Funda umbuzo ngamunye, unikeze abafundi isikhathi esanele sokuphendula imibu zo, noma unikeze abafundi iphepha elinemibuzo bese ubanikeza isikhathi esanele sokuphendula imibuzo.
- Khumbuza abafundi ukuthi abazukujeziselwa isipelingi uma singawulimazi umqondo womusho.
- Lo msebenzi awumakwe kuphinde kuqoshwe amamaki.
- Nikeza abafundi ithuba lokubona amamaki abo bese benza ukulungisa.

**Inkolelo**

Sekukaningi isizwe esimnyama sidukuza emswaneni. Inzukasikeyi iqala lapho umuntu esakholwa enkolweni eyafika nabantu abamhlophe kanye nemfundo yabo. Lokhu kwenza ubaba nomama wekhaya bashayisane ngemibono uma sekuza endleleni yokukhuliswa kwabantwana. Ingani phela siphila emihlabeni emibili uMvelingqangi asibeka kowodwa nje qwaba.

Isiko lomuntu ompisholo selashaywa ngesithende. Akuzwakali kahle futhi ukuthi yiliphi elathathwayo. Leli lokuxova amasiko ndawonye lizale isizwe esikholiwe ngenkolo yokungahlabeli abaphansi ucele izinhlanhla. Wona futhi lo mndeni ongayihhoyi eyamadlozi, ebusuku unyonyoba uthole ukwelashwa ezinyangeni ushayelwe umhlahlo yizangoma. Bangaki nje abayidla kahle inyama yomsebenzi kagogo oselele kobandayo? Babuze-ke yini emasontweni uma beshumayela begxeka isiko labamnyama?

Ngesiko lesiZulu nje akuhanjwa phezu kwamathuna ngoba uzovuvukala izinyawo. Ungakusho nje uzama ukukhulisa izingane zanamuhla. Kwabona abazali bahlukana phakathi uzwe omunye ethi “Ayikho lento iSayensi ayisho lutho ngakho”. Uxakwe nje ukuthi kanti le Sayensi okuqhoshwa ngayo yayingekho yini kubantu abansundu. Impendulo ithi yayikhona. Le nkolelo yokuvuvukala kwezinyawo uma uhamba emangcwabeni yayiletha inhlonipho yokwazisa indawo lapho abadala bephumule khona.

*[Isiqephu sicashunwe ephepheni ISOLEZWE 10 kuNhlangulana, ngonyaka we-2014]*

**Ukulalelela ukuqondisisa**

**Igama: ................................................ Ibanga: ............. Usuku : ...................**

1. Gagula ukuthi yaqala nini le nzukasikeyi yokuxabana ngokwamasiko? (1)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

2. Nikeza igama elilodwa elimele ibinza elithi:, 'ugogo oselele kobandayo' elitholakala esigabeni sesi-2. (1)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

3. Nikeza isizathu sokuba kungahanjwa phezu kwamathuna? (1)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

4. Fingqa amaphuzu AMABILI abalulekile amayelana nenkolelo yesizwe esimnyama. (2)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

5. Khetha incazelo EYODWA kwezilandelayo. Igama, 'inzukasikeyi' lichaza (1)

   A.Umzukuzuku.
   B.Impikiswano.
   C.Ukungezwani.
   D.Amahlebezi.

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

6. Iyini inhloso yombhali ngokubhala lesi siqephu? (2)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

7. Chaza ngomthelela wokungqubuzana kwezinkolelo phakathi kwabantu abampisholo nondleb'zikhanyilanga. (2)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

8. Qhathanisa indlela abantu ababuka ngayo izinto mayelana nenkolo yamadlozi kanye nenkolo yobukholwa. (2)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

9. Ingabe umbono noma iqiniso yini okuvezwa ilesi sitatimende, 'Kwabona abazali bahlukana phakathi uzwe omunye ethi "Ayikho lento iSayensi ayisho lutho ngakho." Sekela impendulo yakho. (3)

----------------------------------------------------------------------------------------------------------------

**AMAMAKI ESIQEPHU: [15]**

**Uhlu lwezimpendulo**

1. Inzukasikeyi iqala lapho umuntu esakholwa enkolweni eyafika nabantu abamhlophe kanye nemfundo yabo. √ (1) (Izinga loku-1

2. Idlozi. √ (1)
(Izinga loku-1)

3. Akuhanjwa emathuneni ngoba uzovuvukala izinyawo. (1)
(Izinga loku-1) √

4. Abantu besizwe esimnyama bakholelwa emasikweni njengokuthi akuhanjwa emathuneni. √
Abantu besizwe esimnyama bakholelwa emadlozini njengokuhlabela amadlozi.√ (2)
(Izinga lesi-2)

5. A. Umzukuzuku √ (1)
(Izinga loku-1)

6. Ukusivezela izinhlobo zezizwe (isizwe esimnyama nesimhlophe) nezinkolelo zabo. Ukungqubuzana nokungavumelani ngamasiko athize. √√ (Nezinye izimpendulo
zamukelekile kodwa bangaphumi ephuzwini abafundi.) (2)
(Izinga lesi-2)

7. Izinkolelo ezingefani ziletha izinkambo ezingefani/ nokuphikisana ekufundiseni kwengane eyodwa ezofundiswa okuthize ekhaya. Ekuhambeni ithole enye inkambo/
indlela yokwenza izinto. √√ (2)
(Izinga lesi-3)

8. Abantu babuka lezi zinkolo ngendlela eyahlukile. Inkolo yamadlozi abanye abantu bayibuka njengenkolo yobulwane neyabantu abangaphucuzekile kanti inkolo yobukhristu yona bayibona kuyiyona enhle nefanele ukulandelwa yiwo wonke umuntu
ongcwele. √√ (Nezinye izimpendulo eziveza umehluko enkolweni yamadlozi neyobukholwa, zizokwamukeleka) (2)
(Izinga lesi-3)

9. Umbono √
Abamhlophe kuphela abanaleyo nkolelo. √√ (3)
(Izinga lesi-4)

**AMAMAKI: [15]**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

| Amamaki |
|---|
| **50** |

1. Le THASKHI inemibuzo emihlanu

2. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

3. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokubhala indaba. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa angahlangani nendaba

4. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

5. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo: Amaminithi angama-80

6. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

7. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

8. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama aphakathi kwangama-290 kuya kwangama-340 ungakhohlwa ukwenza amalungiselelo.

Qaphela lokhu uma ubhala indaba.

- Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
- Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zolimi.
- Isakhiwo sombhalo
- Indaba kumele ibe nohlaka

1. Izenzo zomngani wakho zakufundisa ukuthi ngempela amathanga ahlanzela abangena mabhodwe.

   Bhala indaba ezofakazela ubuqiniso ngalokhu okungenhla ngalo mngani wakho. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

2. Imibhikisho esithe chithi saka ezikhungweni zemfundo ephakame zakuleli ihlukumeza ilungelo labafundi abaqedayo **[50]**

3. Intsha yanamuhla ithanda ukugqoka izingubo ezibizayo nezimfishane. Luthini uvo lwakho ngalesi sitatimende? **[50]**
4. Bhala indaba ngalesi sihloko “Maye! Ubuhle Bemvelo.” **[50]**

5. Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Yinike isihloko indaba yakho.

**QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.**

**Ithaskhi 3: Amathekisthi adlulisa imiyalezo**

| Amamaki |
| --- |
| 25 |

Igama nesibongo: ____________________ Ibanga: ______

Usuku Lokubhalisa: ____________________

**IMIYALELO YABAHLOLWAYO**

1. Le thaskhi inemibuzo emine.
2. Phendula umbuzo OWODWA koyinikiwe.
3. Inani lamagama kufanele libe yi-100 kuya kwayi-120
4. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
5. Ungaziguquli izinombolo zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo**.**
6. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
7. Sebenzisa ubhalomagama olumisiweyo.
8. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.

**IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi zingxenye ezilandelayo. Makube isihloko esisodwa engxenyeni eyodwa.

Makube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.
Qaphela lokhu okulandelayo:

- Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
- Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zolimi.
- Isakhiwo sombhalo

Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile.

1. Nizuze umklomelo nabangani bakho wokuhamba ngomkhumbikazi 'iNdlovukazi Yolwandle', emncintiswaneni we *'Friends Like These'* enikade niwungenele. Lo mkhumbikazi uzosuka echwebeni laseThekwini uye eMozambique ngesonto lokuqala kuZibandlela.

   Bhala **incwadi** uxoxele umzala wakho ngenjabulo onayo ngalolu hambo. **[25]**

2. Inkampani *yakwaMetals* (Pty) LTD, PO Box 27182, Mobeni, 4000 inesikhala somsebenzi wokuqeqeshwa kwabasebenzi bayo

kwezekhompyutha. Lo msebenzi uphume ephephandabeni *iLanga* langomhla ziyi-10 kuMashi 2017.

Bhala **incwadi** ucele isikhala salo msebenzi unikeze yonke imininingwane engakwenza uphumelele ukuqashwa kulo msebenzi. **[25]**

**3.** Beninohambo lokuya ePitoli nomndeni wakho. Endleleni ikhumbi ebenihamba ngayo yahlangabezana nengozi. Kuleyo ngozi kubhubhe umalume wakho. Umphakathi wangakini wonke usashaqekile ngalesi sehlo kwazise phela umalume wakho ubebambe elikhulu iqhaza ezintweni ezithinta umphakathi.

Bhala **umlando** kamalume wakho ongasekho. **[25]**

**4.** Bhala incwadi ehamba nencwadi yakho yokuchaza i-CV, ucele isikhala sokupheka enkampanini yenu. **[25]**

**5.** Udadewenu ofunda ibanga le-12 usengumshungu nabangani abangaziphethe kahle. Ukuzibandakanya kwakhe nalaba bangani sekumphazamisa nasemsebenzini wakhe wesikole.

Bhala **ingxoxo** phakathi kukadadewenu kanye nothisha omfundisayo lapho emxwayisa ngalaba bangani. **[25]**

**AMAMAKI 25**

**UKUHLOLWA KWEMIBHALO EMIDE EYEDLULISA**

**IMIYALEZO <u>OKULINDELEKILE</u>**

**<u>INCWADI YOBUNGANI</u>**

- Ikheli lobhalayo, lihambisane nosuku
  *Isib*. 27 kuNhlangulana 2017 / 27 Juni 2017

- Isibingelelo: *Isib*. Mzala
- Isingeniso: Makwethulwe inhloso yokubhalwa kwencwadi.
- Umzimba - Mawehlukaniswe ngezigaba.
  - Makwenatshwe nenhloso yokubhalwa kwencwadi
  - Makuvele ngenhlela ojabule ngayo
- Isiphetho: Ukusonga ingqikithi yencwadi, *Isib.* Angisakwazi nokuzibamba
- Yimina umzala
  wakho uNtombi

**<u>INCWADI YOMSEBENZI</u>**

- Amakheli amabili elobhalayo kanye nalowo obhalelwayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. *Isib*. 15 kuNhlangulana 2017, 17 Juni 2017.
- Ikheli lesibili liqalisa ngokubhala isikhundla salowo obhalelwayo. *Isib*. Mphathi

- Isihloko obhala ngaso. Incwadi yesicelo somsebenzi.
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. *Isib*. Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazane.
- Incwadi ayibe nesingeniso: Khuluma ngomsebenzi. Umzimba: Shono ukuthi uwubone kuphi lomsebenzi.
- Isiphetho: Akuvele ukuthi uyakulangazelela ukuzibona uyingxenye yabasebezi benkampani.
- Valelisa ukhombise ukuzithoba. *Isib*.
  Yimina ozithobayo
  uSizwe Mweli (Mnu./Nkk./Nksz.)

**<u>UMLANDO KAMUFI</u>**

- Isihloko masibhalwe sigqame sibe namagama kamufi aphelele, *isib*. Umlando ka Khona Ndlovu.
- Isigaba sokuqala: Makubhalwe amagama akhe aphelele, usuku azalwa ngalo, uzalwa ngobani, wazalelwa kuphi.
- Isigaba sesibili: Izikhungo zemfundo afunda kuzona, izikhundla azitholile, iqhaza abelibambile emphakathini.
- Isigaba sesithathu: Abantu abayigazi lakhe abashiye emhlabeni.
- Ekugcineni kungaphethwa ngomusho omfushane wokumvalelisa, *Isib*. Lala uphumule Ndlovu eswele abelusi/iNkosi mayikuphe umphumulela wafuthi

**INCWADI YOKUZICHAZA (CV) NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

**(a) Incwadi ehambisana neCV**

- Amakheli amabili, lobhalayo kanye nelalowo obhalelwayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. *Isib*. 09 Ephreli 2017, 07 kuNdasa 2017.
- Ikheli lesibili liqalisa ngokubhala isikhundla salowo obhalelwayo. *Isib*. Mqondisi wenkampani
- Isihloko obhala ngaso: Incwadi Ehabisana NeCV.
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. *Isib*. Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazane.
- Incwadi ayibe nesingeniso: Ukuzethula nokuthi usibonephi isikhangiso
- Umzimba: Kungani uzibona kufanele uthole lo msebenzi, yisho amakhono onawo nanokuthi azokusiza kanjani ukuthuthukisa le nkampani.
- Isiphetho: Akuvele ukuthi ungajabula uma ungase ubizelwe. inhlolokhono
- Valelisa ukhombise ukuzithoba. *Isib*. Yimina ozithobayo uSiphokazi Yende (Mnu./Nkk./Nksz.)

**(b) INCWADI YOKUZICHAZA (I-CV)**

- Iminingwane ephathelene nami:
- Iminingwane ephathelene nemfundo:
- Imininingwane ephathelene nomsebenzi:
- Iqhaza emphakathini:
- Igalelo lokuphatha:
- Okokuzilibazisa:
- Abantu abangathinthwa (*Amagama abantu abathathu kuphela nezinombolo zabo*)

**INGXOXO**

- Isihloko- Ingxoxo phakathi kukadadewenu nothisha.
- Makuvele lokhu enkulumeni eyisandulela/ekubakaki: Bakuphi, kunini, baqanjwe amagama.
- Umlingiswa makalandelwe ikholoni- *isib*. uNozi:
- Ingxoxo mayikhombise isakhiwo esikhulayo (isingeniso-umzimba- isiphetho).
- Inkulumo makube inkulumo ngqo/okhulumayo makakhulume esebenzisa inkathi yamanje.
- Imizwa yokhulumayo mayivezwe ngamazwi hhayi ngokuchaza *isib*. uNozi: Hhayi! yimbi impela lento!
- Qaphela: Abasetshenziswa abacaphuni:

**ITHASKHI YESI-5: INKULUMO ELUNGISELELWE:**

**IMIYALELO EQONDISWE KUTHISHA**

Inkulumo elungiselelwe kufanele ihambisane nokwenzeka empilweni jikelelele.
Uthisha uzosiza abafundi. Kufanele bakhethe izihloko ezizohambisana nempilo yabafundi futhi ezib
Umfundi makenze lokhu okulandelayo:

- Makaveze ubufakazi bokuthi uwenzile amalungiselelo.
- Ngenkathi ethula umsebenzi wakhe: makasebenzise izwi, iphimbo, isivinini, abheke izetham
- Angenise futhi aphethe indaba yakhe ngokunembayo
- Asebenzise ulwazimagama nezakhiwo ezinembayo.
- Aphendule imibuzo uma kukhona lapho izethameli zifuna ukucaciselwa khona.
- Lungiselela ukwethula ngesihloko osikhethile.
- Inkulumo ozoyethula mayilungiselelwe imizuzu emi-5
- Landela nansi imiyalelo elandelayo:
    - Ngenkathi wethula inkulumo ungasebenzisa: iphosta, izithombe namakhathuni.
    - Bhala inkulumo yakho ephepheni, ufunde lokhu okubhalile. Cela umngani noma ilunga osebenzisane nalo eqenjini ukuthi likunikeze indlebe lilalele, wethule. Phimisa amagama kahle.
    - Hlela ukuze ungaxhamazeli ngenkathi wethula ukuze nothisha aqonde ukuthi ukhuluma ngani.
    - Uma usunesiqiniseko sokuthi uzokwazi ukwethula, yenza amakhajana lapho uzobhala khona amaphuzu. Lawo makhadi uzowasebenzisa ukuze uzikhumbuze ukuthi ukhuluma ngani.
    - Uthisha uzokunikeza amamaki ngokubheka ukuthi ubuzilungiselele kahle yini.
    - Ungazikhumbuza ngokubheka irubhrikhi ukuze ubone ukuthi amamaki azokwabiwa kanjani. Qikelela ukuthi unalokhu ngenkathi wethula:
        - Iphepha obhale kulo inkulumo yakho.
        - Amakhajana akho lapho ubhale khona amaphuzu asemqoka.
        - Iphosta, izithombe namakhathuni.

Gqugquzela abafundi ukuthi bacabange abakukhonzile nabakuthandayo lapho bekhetha isihloko. Gqugquzela ukuthi bahlele. Mabaqalise ukuhlela ngemuva kokuba usubachazele
ukuthi iyini inkulumo elungiselelwe. Bakhombise ukuthi ukungahleli kunamiphi imithelela emibi. Bavumele bahlanganise amakhanda, badingide izihloko zabo. Bavezele ukuthi indlela abaphetha ngayo ileyo futhi eyenza uthisha abanikeze imaki ngakho-ke isiphetho kufanele ukuba sibe ngesinembayo.

Uma sebeqedile ukuhlela, mababhale phansi inkulumo, bayibhale ephepheni.
Ngemuva kokubhala ephepheni bangabhala amaphuzu abalulekile ekhadini.
Bachazele ukuthi ukwethula inkulumo kuzothatha imizuzu emingaki ukuze
bakwazi ukucabangela inani lamagama okufanele bawabhale. Ungakhohlwa ukubakhumbuza ukuthi kwethulwa kanjani. Bakhumbuze ngalokhu okulandelayo

| Amamaki |
|---|
| 10 |

**Ithaskhi 5-Isibonelo: Inkulumo elungiselelwe**

**Igama nesibongo: __________________** **Ibanga: _____**

**Usuku Lokubhalisa: ___________________**

Khetha isihloko ESISODWA noma uzikhethela isihloko esingabhaliwe lapho okungesakho.

- Ubuchwepheshe: Ubuhle nobubi bayo.
- Amandla emali: Imisebenzi, ukudla nophethilomu.
- Izifikanamithwalo eNingizimu Afrika.
- Isithembu: Ubuhle Nobubi Baso.
- Isimilo Sezingane Zanamuhla.
- Imvelaphi Yabantu: Isithakazelo SakwaButhelezi (umfundi angaqoka esakhe isibongo)
- Umbuso WeNkosi UShaka.
- Amazwe eSADC Nobudlelwane Bawo.

Noma ungasebenzisa esakho isihloko. Bheka lokhu okulandelayo:

o Yini oyithandayo/ekukhathazayo ongathanda ukukhuluma ngayo?
o Yini ongathanda ukufunda ucwaninge uthole olwazi obungenalo?
o Ngaphambi kokucwaninga xoxisana nothisha ukuze uzwe ukuthi angakweluleka kanjani ngesihloko sakho.

**AMAMAKI: [10]**

**Imibhalo yobuciko**

Igama nesibongo: ___________________ Ibanga: ________

Usuku Lokubhalisa: __________________

| Amamaki |
|---|
| 35 |

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

- Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo
- Abahlolwayo mabangafundi yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.

ISIQEPHU A: Izinkondlo (10)

ISIQEPHU B: Amanoveli / Ubuciko Bomlomo (25)

- Phendula imibuzo EMIBILI.
- Izimpendulo zemibuzo emide naziphendulelwe ngamagama aphakathi kwangama-240- 290.
- Izimpendulo zemibuzo emifishane, amamaki anikezwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani
- Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni
- Abahlolwayo bayelulekwa ukuba babhale ngobunono nangesandla esibonakalayo
- Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini Elisha
- Indlela yokusebenzisa isikhathi:

ISIQEPHU A: IMIZUZU ENGAMA -10

ISIQEPHU B: IMIZUZU ENGAMA -50

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Ngingephile Ngaphandle Kwakho - P Ngubo**

Ngaphandle kwakho ngingephile,
Wen’ oyisihluthulelo semizwa nenjabulo,
Wen’oleth’inkazimul’ ebumnyameni,
Wen’ oyisisekelo nodondolo lwami.

Ngingaphila kanjani ngingasabuthokozel’ubumnandi bempilo?
Ngingathemba themba lini ususithele wena themba lami?
EzikaSomandla ngihlala ngisikhihla themba lami.
Sondela sithintanis’ izindebe ngizwe ukuthokomala kwenhliziyo.

Ngisale ngihogela usi
Laph’ usungishikilele wanginik’ isiphundu,
Ngikhumbul’ izihasho laph’ usungiwotawota.
Ngithokoze ngizw’ ukugida kwesifuba
Kuyobanjani laph’usunginik; isiphundu,
Walibhekisa kwaVezunyawo?

Ngisal’ ezintabeni zangakithi ngibe isiduphunga.
Ontanga baviyoz’ imilozi mina ngidlal’ umzwangedwa ,
Lo mzwangedwa uthi awuz’ukuba umhobholo,
Ngibe umbulali obulala impilo emnandi?

Ukuthokomala akukh’ empilweni yesidalw’ esiyigobongo,
Intokoz’ ingiqhele ngijezis’ iqhawekaz’ elibomvu,
Ngiphambeke ngibhek’ izinkangala zehl’ ezimathonsi,
Ngiyoqalaza ngibon’ igodi umhlab’ usungishayile,
Ingabe kunjalo nakuwe Bhungane?

**UMBUZO (UMBUZO OMUDE): IZINKONDLO**

Chaza ukuthi isakhiwo senkondlo siwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-190 ukuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu:

- Umqondo wenkondlo
- Izakhiwo zemigqa nezindima.

**[10]**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMUDE) WENCWADI**

**EZOBE IFUNDWA (Inoveli noma idrama)**

Xoxa ngokuphumelela kombhali ekwethuleni isakhiwo sencwadi, impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama -240 kuya kwamagama angama- 290.

**Impendulo yakho mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo**

- Ukwethulwa nokuchazwa kwesakhiwo
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho wena ohlolwayo mayelana nesakhiwo sale noveli. **[25]**

**Isingeniso**

Isakhiwo siwukubumbeka kwendaba (umumo) ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. Sehlukaniswa ngamazinga amathathu: isingenziso, umzimba kanye nesiphetho. Esingenisweni sethulelwa umlingiswa osemqoka, inkinga abhekene nayo eba yisisusa sodweshu kanye nesizinda. Emzimbeni yilapho kubhebhetheka khona udweshu kube nesixakaxaka kuze kufike kuvuthondaba. Esiphethweni yilapho indaba iphela khona kube nokubuyisana phakathi kwabalingiswa.

1. **Esingenisweni :** Sethulelwa umlingiswa osemqoka

2. **Umzimba wendaba:** kwethulwa ulwazi lwangaphambili. Ulwazi lubandakanya umlingiswa oyiqhawe, imbangi, isisusa sodweshu, isizinda, umoya.
Yethula umlingiswa osemqoka kanye nolwazi lwangaphambili noma isizinda (indawo).

3. **Ukubhebhetheka kodweshu:** Lena ingxenye yesakhiwo emva kokuba sesethulelwe isisusa sodweshu. Udweshu lubhebhethekiswa ukudaleka kolunye udweshu bese luyabhebhetheka. Ukubhebhetheka kodweshu kwenza izinto zixabane kakhulu lokhookuho lela ilukuluku kumfundi wencwadi. Ukulandelana kwezehlakalo kanye nesixakaxaka kuholela kuvuthondaba

4. **Uvuthondaba:** Uvuthondaba luyingxenye emnandi yendaba, ingxenye ebalulekile yendaba. Le ngxenye ayivamisile ukuba ibe sekugcineni kwendaba, kepha yilapho kuguquka khona izinto, sekushubile. Le nguquko kungaba esengqondweni noma kube izenzo.
Kwesinye isikhathi kuba khona lapho umlingiswa ephoqeka ukuba athathe isinqumo esithile noma enze isenzeko esithile. Leso sigaba sibizwa ngokuthi isigaba sezinqumo. Kudala ukuba izehlakalo ziziphendukele zona.

**AMAMAKI: [25]**

**ITHASKI YESI-8: INKULUMO ENGALUNGISELELWE:**

**IMIYALELO EQONDISWE KUTHISHA**

Inkulumo engalungiselelwe mayigxile ezihlokweni ezihambisana nezinga labafundi lokucabanga. Uthisha makasebenzise izihloko ezingabahlaba umxhwele ukuze bangakhungatheki bampumputheke.

Umfundi makenze lokhu okulandelayo:

- Ngenkathi ethula umsebenzi wakhe: makasebenzise izwi, iphimbo, isivinini, abheke izethameli zakhe.
- Angenise futhi aphethe indaba yakhe ngokunembayo
- Asebenzise ulwazimagama nezakhiwo ezinembayo.
- Aphendule imibuzo uma kukhona lapho izethameli zifuna ukucaciselwa khona.

Gqugquzela abafundi ukuba bakwazi ukuhlela imicabango yabo ngokushesha.
Bafundise ukwenza lokhu okulandelayo:

o Ukukhetha amagama anembayo futhi ahambisana nesihloko ngokuphazima kweso.
o Ukubhala amaphuzu phansi emakhadini ukuze bazikhumbuze lokhu abafuna ukukhuluma ngakho.

**Izihloko:**

Uthisha angasebenzisa izihloko ezilandelayo:

- Isifo INgculazi Nemishanguzo.
- Izolo Nanamuhla (indlela okubukwa ngayo izinto namuhla kanye nasemandulo)
- Ukuhlukunyezwa Kwezingane, Abantu Abadala, Abantu Besifazane Kanye Nabathandan ayo Abanobulili Obubodwa.
- Umdlalo Kamathandana Esikoleni Nemiphumela Yakho.
- Ukudlondlobala Kobugebengu.
- Ukunukubezwa Kwemvelo.

**AMAMAKI: [15]**

**Ithashkhi 8 : Inkulumo engalungiselelwe**

**Igama nesibongo:____________________** **Ibanga:_____**

| **Amamaki** |
|---|
| 15 |

**Usuku Lokubhalisa: _________________**

**Imiyalelo:**

- Lungiselela ukwethula ngesihloko ozosinikezwa uthisha.
- Inkulumo ozoyethula mayilungiselelwe imizuzu emi-5
- Landela nansi imiyalelo elandelayo:

  o Bhala amaphuzu ofuna ukukhuluma ngawo ngokushesha emakhadini.
  o Bheka izethameli ngqo emehlweni.
  o Sebenzisa ulwazimagama nezakhiwo zolimi olunembayo.

**UMBUZO 1: UMBUZO OMFUSHANE**
**Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.**
**Isililo – FY Mncube**

Ngizihambile izindawo ngezindawo
Ngafic' abazali bekhihl' isililo
Bekhihl' esezimal'ezemuke namanzi.
Izingane zihambe iminyaka

Ziyothekela ulwazi olunzulu
Oluzoleth' intokozo ngomuso.
Liphumile lashona

Wagama nxa, waphel' unyaka,
Yalandela neminye.
Lugcine lufikile olwamanqamu

Bagoduka oNjabulo noNonjabulo
Bananela ngenkul' injabul' abazali
Bencoma bebonga benconcoza.
Ziphume zizinhl' izinsizwa nezintokazi

Ziphume zagcwal' amathafa
Zihamba zithungath' imisebenzi;
Zigabe ngemfund' eziyijulukele.
Zonke ziphum' inqina kamabuyaze;

Izikhulu neziphathimandla ndawo zonke
Zikhuze zababaza umhlola
Zikhala ngezikhungo ezingaziwa
Ezikhiph' iziqu zomgunyathi.
Kusuke esinamathambo

Kuqhume isililo esikhulu
Sebeshay' utshan' omahamba nendlwana
Sebeyobhubhisa phambili.
Zikhulu zemfundo sukumani,

Vulan' amehlo kuliwe nale mpi

**IMIBUZO:**

1. Gagula izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi abazali bakhihle isililo. (2)

2. Fingqa kafushane ngamagama akho okushiwo ibinza lesibili. (2)

3. Ngabe ukuxhumana-siqalo okusemgqeni we-14 kuya kowe-15 kunamthelela muni ekuqondeni kwakho le nkondlo? (2)

4. Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esisemgqeni we-18 sikwelekelele kanjani ukuqonda ibinza lesi-6. (2)

5. Phawula ngomoya oqukethwe ibinza lesine. (2)

**[10]**

## UMBUZO 2 (UMBUZO OMUDE)

Hlolisisa ukuvezwa komlingiswa ongummeleli nenhloso yomdlalo ofundwa kuleli banga.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-240 kuya kwangama-290. [25]

## UHLU LWEZIMPENDULO

### UMBUZO OMFUSHANE

1. Abazali balahlekelwe imali eningi kulezi zinkole zemfundo ephakeme ezingekho emthethweni. Izingane zithole iziqu zomgunyathi. (2)

2. Izingane zihambe isikhathi eside ziyofunda ukuze zilethe ushintsho ezimpilweni zazo (2)

3. Kunomthelela wokuthi ngiqonde ukuthi imbongi igcizelela noma iyagqamisa ukuthi lezi zingane ziphume ngobuningi bazo. (2)

4 Lesi simo sokukhuluma esichaza ukuthi ukubuya ulambatha/ungaphethe lutho singelekelele ukuthi ngiqonde ukuthi lezi ziqu ezitholwe yilezi zingane zifana nezingekho ngoba zizithole ezikoleni ezingekho emthethweni. (2)

5 Leli binza liqukethe umoya wokujabula ngoba izingane nabazali bajabulela ukuthi izingane ziphothulile zathola iziqu. (2)

**[10]**

**ITHASKHI YE-10: INKULUMO ELUNGISELELWE:**

| Amamaki |
| --- |
| 10 |

**IMIYALELO EQONDISWE KUTHISHA**

Inkulumo elungiselelwe kufanele ihambisane nokwenzeka empilweni jikelelele. Uthisha uzosiza abafundi ukukhetha izihloko ezizohambisana nempilo yabafundi futhi ezibahlaba umxhwele.

Umfundi makenze lokhu okulandelayo:

- Makaveze ubufakazi bokuthi uwenzile amalungiselelo.
- Ngenkathi ethula umsebenzi wakhe: makasebenzise izwi, iphimbo, isivinini, abheke izethameli zakhe.
- Angenise futhi aphethe indaba yakhe ngokunembayo
- Asebenzise ulwazimagama nezakhiwo ezinembayo.
- Aphendule imibuzo uma kukhona lapho izethameli zifuna ukucaciselwa khona.

Gqugquzela abafundi ukuthi bacabange abakukhonzile nabakuthandayo lapho bekhetha isihloko. Gqugquzela ukuthi bahlele. Mabaqalise ukuhlela ngemuva kokuba usubachazele ukuthi iyini inkulumo elungiselelwe. Bakhombise ukuthi ukungahleli kunamiphi imithelela emibi. Bavumele bahlanganise amakhanda, badingide izihloko zabo. Bavezele ukuthi indlela abaphetha ngayo ileyo futhi eyenza uthisha abanikeze imaki ngakho-ke isiphetho kufanele ukuba sibe ngesinembayo.

Uma sebeqedile ukuhlela, mababhale phansi inkulumo, bayibhale ephepheni. Ngemuva kokubhala ephepheni bangabhala amaphuzu abalulekile ekhadini. Bachazele ukuthi ukwethula inkulumo kuzothatha imizuzu emingaki ukuze bakwazi ukucabangela inani lamagama okufanele bawabhale. Ungakhohlwa ukubakhumbuza ukuthi kwethulwa kanjani. Bakhumbuze ngalokhu okulandelayo:

Iphimbo, izwi, isivinini, ukubheka izethameli emehlweni, ukukhuluma bade behlaba ikhefu.

Ungabakhombisa nerubhrikhi ozoyisebenzisa ukuze babone ukuthi yini elindelekile kubona.

**Ithaskhi 10: Inkulumo elungiselelwe**

| Amamaki |
|---|
| 10 |

**Igama nesibongo:________________**

**Ibanga: _______ Usuku Lokubhalisa: _____________**

**Imiyalelo:**

- Lungiselela ukwethula ngesihloko osikhethile.
- Inkulumo ozoyethula mayilungiselelwe imizuzu emi-5
- Landela nansi imiyalelo elandelayo:
  - o Ngenkathi wethula inkulumo ungasebenzisa: iphosta, izithombe namakhathuni.
  - o Bhala inkulumo yakho ephepheni, ufunde lokhu okubhalile. Cela umngani noma ilunga osebenzisane nalo eqenjini ukuthi likunikeze indlebe lilalele, wethule. Phimisa amagama kahle.
  - o Hlela ukuze ungaxhamazeli ngenkathi wethula ukuze nothisha aqonde ukuthi ukhuluma ngani.
  - o Uma usunesiqiniseko sokuthi uzokwazi ukwethula, yenza amakhajana lapho uzobhala khona amaphuzu. Lawo makhadi uzowasebenzisa ukuze uzikhumbuze ukuthi ukhuluma ngani.
  - o Uthisha uzokunikeza amamaki ngokubheka ukuthi ubuzilungiselele kahle yini.
  - o Ungazikhumbuza ngokubheka irubhrikhi ukuze ubone ukuthi amamaki azokwabiwa kanjani.
  - o Qikelela ukuthi unalokhu ngenkathi wethula:
    - Iphepha obhale kulo inkulumo yakho.
    - Amakhajana akho lapho ubhale khona amaphuzu asemqoka.
    - Iphosta, izithombe namamaki

**Izihloko:**
Khetha isihloko ESISODWA noma uzikhethela isihloko esingabhaliwe lapho okungesakho.

- Ubuchwepheshe: Ubuhle Nobubi Babo.
- Amandla Emali: Imisebenzi, Ukudla Nophethilomu.
- Izifikanamithwalo Eningizimu Afrika.
- Isithembu: Ubuhle Nobubi Baso.
- Isimilo Sezingane Zanamuhla.
- Imvelaphi Yabantu: Isithakazelo SakwaButhelezi (Umfundi Angaqoka Esakhe Isibongo)
- Umbuso Wenkosi Ushaka.
- Amazwe ESADC Nobudlelwane Bawo.

Noma ungasebenzisa esakho isihloko. Bheka lokhu okulandelayo:

- o Yini oyithandayo/ekukhathazayo ongathanda ukukhuluma ngayo?
- o Yini ongathanda ukufunda ucwaninge uthole ulwazi obungenalo?
- o Ngaphambi kokucwaninga xoxisana nothisha ukuze uzwe ukuthi angakweluleka kanjani ngesihloko sakho.

**AMAMAKI: [10]**

**Ithaskhi 10: Inkulumo elungiselelwe**

| Amamaki |
|---|
| 10 |

Igama nesibongo:________________

Ibanga: _______ Usuku Lokubhalisa: _____________

**Imiyalelo**:

- Lungiselela ukwethula ngesihloko osikhethile.
- Inkulumo ozoyethula mayilungiselelwe imizuzu emi-5
- Landela nansi imiyalelo elandelayo:
    - Ngenkathi wethula inkulumo ungasebenzisa: iphosta, izithombe namakhathuni.
    - Bhala inkulumo yakho ephepheni, ufunde lokhu okubhalile. Cela umngani noma ilunga osebenzisane nalo eqenjini ukuthi likunikeze indlebe lilalele, wethule. Phimisa amagama kahle.
    - Hlela ukuze ungaxhamazeli ngenkathi wethula ukuze nothisha aqonde ukuthi ukhuluma ngani.
    - Uma usunesiqiniseko sokuthi uzokwazi ukwethula, yenza amakhajana lapho uzobhala khona amaphuzu. Lawo makhadi uzowasebenzisa ukuze uzikhumbuze ukuthi ukhuluma ngani.
    - Uthisha uzokunikeza amamaki ngokubheka ukuthi ubuzilungiselele kahle yini.
    - Ungazikhumbuza ngokubheka irubhrikhi ukuze ubone ukuthi amamaki azokwabiwa kanjani.
    - Qikelela ukuthi unalokhu ngenkathi wethula:
        - Iphepha obhale kulo inkulumo yakho.
        - Amakhajana akho lapho ubhale khona amaphuzu asemqoka.
        - Iphosta, izithombe namamaki

**Izihloko:**
Khetha isihloko ESISODWA noma uzikhethela isihloko esingabhaliwe lapho okungesakho.

- Ubuchwepheshe: Ubuhle Nobubi Bayo.
- Amandla Emali: Imisebenzi, Ukudla Nophethilomu.
- Izifikanamithwalo Eningizimu Afrika.
- Isithembu: Ubuhle Nobubi Baso.
- Isimilo Sezingane Zanamuhla.
- Imvelaphi Yabantu: Isithakazelo SakwaButhelezi (Umfundi Angaqoka Esakhe Isibongo)
- Umbuso Wenkosi Ushaka.
- Amazwe *ESADC* Nobudlelwane Bawo.

Noma ungasebenzisa esakho isihloko. Bheka lokhu okulandelayo:

- Yini oyithandayo/ekukhathazayo ongathanda ukukhuluma ngayo?
- Yini ongathanda ukufunda ucwaninge uthole ulwazi obungenalo?
- Ngaphambi kokucwaninga xoxisana nothisha ukuze uzwe ukuthi angakweluleka kanjani ngesihloko sakho.

**AMAMAKI: [10]**

